
Open Doors

# yi-WORLD WATCH LIST 2022

Umbono we Open Doors ukuthi kungabikho mKhrestu ozobhekana nezinhlupho eyedwa.





## IBALAZWE LOMKHULEKO

**Umkhuleko selokhu waba isicelo sokuqala kwimindeni yethu ekholwayo ehlushelwa ivangeli. Kakhulu nakakhulu, baba semlilweni ngokukholwa kwabo, ngalokho, isidingo esikhulu somkhuleko siyakhula.**

**Singamdumisa uNkulunkulu noma izinhlupho ziza ngendlela yodlame kanye nokucwaswa okubhekiswe emakholweni, kuphinde kwenze indlela yokuqhubekela phambili kwevangeli.**

**Ngakho hlanganyela kanye nathi ukusebenzisa ibalazwe lomkhuleko ukukhulekela ukholo lwemindeni yethu emazweni angaphezu kwamakhulu amahlanu ukuthi uNkulunkulu awasebenzise ngendlela enamandla ukuqhubekela phambili kwevangeli kubona ubunzima abakubekezelelayo.**

**Vakashela ku www.OpenDoors.org.za ukuze uthole kabanzi ngokucindezelwa kwamakholwa.**

### I-LATHINI AMERICA

I-Lathini America iyona enodlame kakhulu emhlabeni wonke ngenxa yezinga eliphezulu lobugebengu kanye nokusocongwa kwabantu kwamanye amazwe ayo. Abazalwane yibona abalengela eweni  njengoba bebonwa njengesithiyo emisebenzini yamaqembu ezigebengu. Thandazela ukuvikeleka kwabazalwane njengoba bememezela ivangeli noma kunalobu bungozi.

### INHLONHLO YASE ARABIYA

Nokungabi bikho kwamasonto omphakathi kwisizwe senhlonhlo yase Arabiya, kunezindlela ezimbadlwana abexhumana ngazo abazalwane nabanye. Thandazela ukuthi abazalwane asebeqinile nasebekhulile eNkosini basabalale yonke lendawo, nokuthi uNkulunkulu anezele abaningi ebandleni lakhe.

### MAPHAKATHI NEMPUMALANGA

Impilo iya ngokuya ibanzima kumakholwa aphila emaphakathi nempumalanga. Izinxushunxushu ziyaqhubeka, kanti izigidi zabantu base Iraq Kanye nase Syria baphoqelekile ukuthi babaleke emakhaya abo ngenxa yezimpi nezinhlupho. Thandazelani ukuthi izimpi emaphakathi nempumalanga ziphele nokuthi uNkulunkulu asebenzise abantwana bakhe bakhanye njalo kulesiya sfunda.

### ESHIYA

Imibono ezinayo izinkolo ezintathu eziyinhloko esifundeni (inkolo yamasulumane, inkolo kabhuda kanye namahindu) ngabazalwane, ibabeka kabi, lokho okuletha ukwesaba, nenzindo, nokuhlushwa kwabazalwane. Emazweni amaningi akulendawo, abazalwane bakhishwa inyumbazane ngenxa yokholo lwabo. Thandazela ubuhlakani kubazalwane nokuthi babewusawoti nokukhanya kulendawo noma ngabe abantu bababuka kanjani.

### E-AFRIKA

Imibiko yosuku ngalunye evela ngokuhlaselwa amaqembu amabi kakhulu enkolo yamasulane kanye nokuthi ohulumeni baya ngokuya beba yisitha zabazalwane. Abalawuli kanye nondlovukayiphikiswa bazama ukukhipha abantu abangabambelele kuhulumeni. Thandazela ukuthi uNkulunkulu avikele abazawane ekukhuleni kobutha kanye nokuthi ivangelini lisabalale njengoba uhulumeni ezama ukulisusa.

1. e-Afghanistan
2. eNorth Korea
3. iSomalia
4. iLibya
5. iYemen
6. i-Eritrea
7. iNigeria
8. iPakistan
9. e-Iran
10. Indiya
11. Saudi Arabia
12. eMyanmar
13. eSudan
14. e-Iraq
15. eSyria
16. eMaldives
17. e-Shayina
18. eQatar
19. eVietnam
20. Egibhithe
21. e-Uzbekistan
22. e-Algeria
23. eMauritania
24. e-Mali
25. Turkmenistan
26. eLaos
27. eMorocco
28. e-Indonesia
29. eBangladesh
30. eColombia
31. eCentral African Republic
32. eBurkina Faso
33. eNiger
34. eBhutan
35. eTunisia
36. e-Oman
37. eCuba
38. e-Ethiopia
39. eJordan
40. eCongo DR.
41. eMozambique
42. eTurkey
43. eMexico
44. eCameroon
45. eTajikistan
46. eBrunei
47. eKazakhstan
48. eNepal
49. eKuwait
50. eMalaysia

### IZINGA LOKUSHUSHISWA

LIPHEZULU · LIPHEZULU KAKHULI · LEDLULELE

Uhla olubukwayo luka zwelonke lwakwa Open Doors okuthiwa yi-World Watch List (WWL) lukhishwa njalo ngomasingana (January), bese bebeka amazwe angamashumi amahlanu lapho abazalwane bebhekana kakhulu nokucindazelwa. Ingcindazelo ichazwe njengenye yenzondo etholwa ngama Khrestu ngenxa yokukholwa kuJesu. I-WWL ikuthathele phezulu kwimikhakha yonke yempilo kanye nezigameko zodlame. Izindlela zokufinyelela kumaphuzu ngokwezibalo zamazwe nokuqhathaniswa kwamazwe ngamazwe kuye kwahlolwa ngokuzimele ngabesikhungo sikazwelonke sokukhululeka kwezinkolo i(IIRF) kanye nokuhlolwa kabanzi kwezicelo emazweni ayisampula.  Izitatimende ezengeziwe kanye nokutolikwa ngabakwa Open Doors okubheke noma okuyamaniswa nokushicilelwa kwale WWL, akuzubalwa kulolucwaningo lwamabhuku. Isikhathi sokubika: lulunye kuMfunmfu (October) (October) kowezi 2020 – zingamashumi amathathu kuMandulo (September) kowezi 2021.

*Interactive* ibalazwe:

www.opendoors.org.za